# *UKristu Okhonjiweyo Wayo Yonke Iminyaka*

ImiBhalo embalwa lapha engifuna ukuthathisela kuyo kulobubusuku. Bengicabanga ngendaba yalokho esikukhonela lapha. Ngifuna ukufunda okwengxenye yomBhalo, engikholwa ukuthi wonke, wonke umhlangano, ufanele ube neZwi likaNkulunkulu elifundwa kuwo. Ngoba, ngiyazi Ubengahlangana nathi ngaphandle kokufunda iZwi, kodwa ngesaba kakhulu ukuthi ngizokwenza iphutha. Ngakho uma ngifunda iZwi laKhe, ngiyazi akukho phutha kuLelo. Ngakho ngi—ngifunda iZwi laKhe, khona-ke ngiyazi ukuthi into ethize izovela emhlanganweni, ngenxa yokufundwa kweZwi laKhe.

2 Futhi ngakho-ke, sesekela umcabango wethu phezu komBhalo esizowufunda, indawo eyodwa itholakala kuJohane oNgcwele, isahluko 10, kuqala ngevesi lama 32 nelama 39, nalo; bese kuthi-ke endikimbeni endala ejwayelekile, amaHeberu 13:8. Manje kuJohane oNgcwele, isahluko 10, kuqale ngevesi lama 32, sifunda lokhu.

> Futhi *uJesu wabaphendula wathi,* Nginitshengise *imisebenzi eminingi emihle evela kuBaba; yimuphi umsebenzi* kulena *eningikhandela yona na?*
>
> *Bamphendula abaJuda, bathi, Asikukhandi ngenxa yomsebenzi omuhle; kepha ngenxa ngokuhlambalaza; kepha ngenxa . . . wena, ungumuntu, ozenza uNkulunkulu.*
>
> *UJesu wabaphendula wathi, Akulotshiwe yini emthethweni wakini ukuthi, Ngithe, Ningonkulunkulu na?*
>
> *Uma wathi bangonkulunkulu, bona eleza kubo iZwi likaNkulunkulu, ne*mibhalo *ungephulwe;*
>
> *Nithi ngaye, uYise* a*mahlukanisileyo, wamthumela ezweni, Ukuba uyahlambalaza; ngokuba ngithe, NgiyiNdodana kaNkulunkulu na?*
>
> *Uma ngingenzi imisebenzi kaBaba, maningakholwa yimi.*
>
> *Kepha uma ngiyenza, nakuba ningakholwa yimi, kholwani yimisebenzi: ukuze nazi, futhi nikholwe, ukuthi uBaba ukimi, nami ngikuye.*
>
> *Base befuna futhi ukumbamba: kepha waphunyuka e*zandleni *sabo,*

3 NakumaHeberu, isahluko se 13 nevesi le 8.

*UJesu Kristu nguyena izolo . . . namuhla, naphakade.*

4 Asikhuleke. Baba waseZulwini, ngcwelisa isithunywa kulobubusuku, Nkosi, kuwo uMlayezo, nozwayo iZwi, ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

5 Manje njengoba sisondela kulendikimba, indikimba eyisimo esincane nje okobusuku bokuqala, ukuba sejwayelane, ngifuna ukuthatha indikimba, i . . . *UKristu Okhonjiweyo Wayo Yonke Iminyaka.*

6 Manje iNcwadi yamaHeberu lapha isitshela ukuthi Nguyena izolo, namuhla, naphakade.

7 Futhi siyafunda eBhayibhelini lapha ukuthi lamaJuda laliMbuza. Sithola amaGreki aMbuza. Futhi kwakungumbuzo wanjalonjalo. Kwakungenxa yokuthi abantu abaningi kakhulu banezihumusho ezehlukene eziningi kakhulu ngaYe.

8 Akekho oke wezwa ngaYe akangalangazelela ukuMbona. Ngiqinisekile ukuthi uma bengingabuza kulobubusuku, "Bangaki kini abebengathanda ukubona uJesu na?" zonke izandla bezingaphakama. Akukho—akukho-muntu owake wezwa ngaYe abebengefune ukuMbona.

9 Kukhona okuthize ngisho nangeGama laKhe, lokho nje . . . kuyasijabulisa nje. Kukhona okuthize ngalo okuxhuxhumisa inhliziyo yethu, ukuzwa leloGama nje, uJesu. Ngoba, kuleloGama sinokuthethelelwa kwesono, sinokuhlengwa kwethu, ngokuba wonke umndeni eZulwini uyo . . . uthwele leloGama. Futhi ngakho si . . . uNkulunkulu ethatha leliGama lomuntu ukuba libekwe phezu kwaKhe uqobo ngenkathi Wayebonakaliswa enyameni. IGama eliyisimangaliso kangaka pho!

10 Manje si—sicabanga ngaYe emkhulu kakhulu! Futhi kusukela phansi eminyakeni, wonke umuntu ukhalele ukubona uNkulunkulu. Manje inkathazo yakho, selokhu kwaba sesikhathini sikaJobe . . .

11 Ngicabanga ukuthi uJobe uthathwa njengenye yeziNcwadi ezindala kunazo zonke zeBhayibheli. Yafakwa phakathi nje. Yalotshwa ngesikhathi sikaMose, uMose eloba i—izincwadi ezine zokuqala.

12 Manje sikholwa ukuthi—ukuthi uJobe, phakathi lapho, wamemeza ngesinye isikhathi, "Uma bengingahle ngiMbone kuphela! Uma bengazi lapho ebengingaya khona endlini yaKhe! Bengingathanda ukuya," ngamany'amazwi, "ngingqongqothe emnyango waKhe."

13 Sonke siyazi ukuthi sivela ndawondawo. Sisemva kwekhethini elithize esi . . . Kunento ethize kithi elubalubela into ethize, ukuthi siyazi ukuthi sivela ndawondawo. Singeke nje sibe njengoba sinjalo ngaphandle kokuba yinto ethize emva kwethu ukusenza.

14 Iwashi lami belingeke nje lenzeke. Noma ubani abasile engqondweni yabo bebezokwazi ukuthi lelowashi, amatshana ayigugu, nokulifaka isikhathi, nokuhamba, nezipringi, ne—nezinti, ngabe alenzekanga nje. Akunakwenzeka ukuba lona lenzeke.

15 Bukani konke okudaliweyo, ukuthi kubekwe kanjani ndawonye. Siyazi ukuthi ngabe akwenzekanga. Mkhulu kangakanani umuntu kunewashi! Umuntu waliqamba iwashi, futhi walifaka isikhathi, wayeselihlanganisa. Ngakho uma kungenakwenzeka ukuba lelowashi ukuba libe ngelenzekile nje, kukhulu kakhulu kangakanani ukuthi wena nami kwenzeka nje ukuba sibe lapha na? Kuzofanele kube nomdali emva kwethu. Uma sibhekisisa okudaliweyo kwaKhe okukhulu, ukuthi kuhamba kanjani, nokuthi Uhlala kanjani kukho, uhlala kukho.

16 Siqaphela iqabunga, ukuthi iqabunga lilenga kanjani emthini. Bese kuthi lapha cishe phakathi noAgasti, ngaphandle kwesithwathwa kumbe noma yini, ukuphila kuyasuka kulo bese kwehla kuyongena empandeni. Iqabunga liyawa bese lehlela ngqo phezu komhlabathi. Manje yini indaba na? KunobuHlakani obuthize obukhuluma kulo. Umuthi awunabuhlakani obungobawo uqobo. Ngakho ukuphila kwehla kuyongena empandeni yomuthi, ukucashela isimo sezulu esibandayo. Uma ku . . . Uma kuhlale phezulu lapho, bekungafa, ubusika bebungakubulala.

17 Manje lenzani iqabunga na? Lilala emhlabathini futhi libole. Kwenzani ukuphila ngenkathi kusesempandeni na? Kumunca kubuyise into eqabungeni elifile, isakhi ikhalsiyamu nanoma yini okungena kulo, bese kubuye kuvuka futhi entwasahlobo, bese kubuyela ngqo endaweni yakho futhi, kuletha elinye iqabunga. Ngubufakazi; ukufa, ukumbelwa nokuvuka.

18 Ilanga liphuma ekuseni, njengokuzalwa kwengane encane. Ngelesishiyagalombili noma elesishiyagalolunye nqo lisesikoleni. Ngeleshumi nqo seliphumile esikoleni. Ngeleshumi nambili nqo liphakathi nendima yempilo yalo. Bese kuthi-ke liqala ukufa, life futhi bese lishona eNtshonalanga. Ngabe yilokho kuphela kulo na? Liyaphuma ngokusa okulandelayo, ukuba lifakaze; ukuphila, ukufa, ukumbelwa, ukuvuka. Yonke into, konke, uNkulunkulu uhlala kokudaliweyo kwaKhe. Wenza lokho futhi ukwenzile yonke iminyaka.

19 Manje, indlela eyodwa kuphela esiyothola ngayo ukuthi ngabe uNkulunkulu usaphila yini. SingaMbona kokudaliweyo kwaKhe, kodwa uNkulunkulu waze waziveza kanjani obala Yena uqobo kubantu aba . . .

20 Omunye uthi, “Awu, uphi uNkulunkulu na? Ukhuluma kakhulu ngaYe.”

21 E Afrika, emasimini ezimishini lapho, futhi phakathi kwe—kwe Afrikansi, basebenzisa igama lika *amoyah*, okusho, "amandla angabonwa," njengomoya ovunguzayo. "UNkulunkulu wakho," uthi, "uNkulunkulu ongabonwa, U—Unjengomoya ovunguzayo. Ungamandla, kodwa asi—siMboni."

22 Awu, ngikholwa ukuthi singaMbona. Ngoba, siyathola esahlukweni 12 sikaJohane oNgcwele, amanye amaGreki eza ukubona uJesu, futhi athi, "Banumzane, sithanda ukubona uJesu," futhi ayiswa kuYe, ngomunye wabafundi baKhe. Futhi amaHeberu 13:8 athi, "Nguyena izolo, namuhla, naphakade." Futhi uma Engathathwa ngalezo zinsuku, ukuba abonwe ngomunye wabafundi baKhe, kungani thina babafundi baKhe, kulobubusuku, singelethe abafunayo eBukhoneni baKhe, uma Enguyena izolo, namuhla, naphakade na? IBhayibheli lithi Nguyena, "Nguyena izolo, namuhla, naphakade."

23 Manje, ngiyazi lokhu kuzwakala kungubudedengu. Kodwa uma nje nizosibekezelela imizuzu embalwa, ngikholwa ukuthi mina, ngosizo lukaNkulunkulu, neZwi laKhe nangokweZwi laKhe, ngingaMletha khona lapha phambi kwenu. Bese kuthi-ke, lokho, induduzo enje pho! Yilokho esikuzele lapha. Thina maKristu silapha ukuthola induduzo, uku—ukuletha, ukuza eBukhoneni bukaNkulunkulu esimaziyo, ongasivusa njengoba Enza eqabungeni, ongasibuyisa.

24 Ngabe kuyinsumansumane nje, ngabe amanye amazwi nje ehlanganiswe ndawonye, ngabe ezinye izinganekwane zamaJuda, noma ngabe yiQiniso na? Lapho okunokweduka okukhulu kangako, kuzofanele kube neQiniso ndawo ndawo. Lapho okukhona idola mbumbulu, ngizothi kunelangempela elenziwe kulo. Futhi lapho kukhona ukuzifanisa okukhulu nomunye umuntu, nezinto eziningi kakhulu esizibonayo namhlanje, kuzofanele kube noNkulunkulu wangoqobo ndawo ndawo.

25 Manje uma singaMkhonzi, khona-ke asisuke entweni esiyenzayo futhi sihambe siMkhonze. Ngoba, empeleni, busizani ubungcweti bethu uma kungekho lutho kubo na? Nobuqotho bethu abu—abusixoshi ekulahlweni. Abahedeni baqotho. Abantu baphuza isimuncu sokubulala imbewu yokufa ngezinye izikhathi, beqotho, becabanga ukuthi bathatha enye into. Ubuqotho abukwenzi. Kufanele kube yindlela efanele, nendlela engafanele.

26 Ngikholwa ukuthi iBhayibheli liqinisile. Ngikholwa ukuthi iZwi likaNkulunkulu liqinisile. Manje uNkulunkulu uzofanele ehlulele. [UMfowethu Branham ulungisa umphimbo wakhe—Umhl.] Ngiyaxolisa. Uzofanele ahlulele izwe ngento ethize.

27 Manje ngenkathi ngisengumfanyana, umndeni wami phambi kwami, hhayi ubaba wami nomama, kodwa phambi

kwalowo, sasingamaIrishi macala omabili, ngakho, thina, kwakuyiKatolika futhi kwakuyimvelo nje kimi ukubuyela ebandleni eliKatolika. Awu, ubaba wami nomama washada ngaphandle kwesonto, futhi babengasonti. Kwase kuthi-ke sengikhulile, ukwazi ukuthi kwakukhona uNkulunkulu, njengoba abaningi benu eyifundile incwadi yami, nga—ngazi ukuthi kwakukhona uNkulunkulu ndawo ndawo.

28 Kodwa manje, umcabango wakho ngukuthi, uma uNkulunkulu ezokwehlulela izwe ngebandla, manje-ke kuzoba yiliphi ibandla na? Uma kuzoba yibandla eliKatolika, manje-ke liphi lona ibandla eliKatolika na? EliRoma, eloMthetho, noma yilona liphi Azolehlulela ngalo na? Uma Ezolehlulela ngeProtestane, ngabe kungeMethodisti, iBaptisti, iPentecostal, iPresbyterian na? Yilona liphi na? Niyabo, kunokuningi kakhulu ukudideka.

29 Ngakho umfo ubengathi, "Awu, nje ku. . ." O, yebo, kuyakwenza. "Akunandaba, inqobo nje uma uqotho."

30 INcwadi yokuqala eBhayibhelini, okwabangela ukufa, ukugula, usizi, nesono, kwabangenxa yokuthi umuntu oyedwa akalikholwanga ngokuyikho iZwi elilodwa. ENcwadini yokugcina yeBhayibheli, uNkulunkulu ofanayo, eSambulweni 22, wathi, "Oyosusa iZwi elilodwa, noma enezele izwi elilodwa kuLo, isabelo sakhe siyosuswa eNcwadini yokuPhila." Ngakho leyo kuzofanele kube iNcwadi yokwahlulela.

31 Manje siyathola, ukuthi, "Ekuqaleni," uJohane oNgcwele 1, "ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu. SaMbheka, ozelwe yedwa kuYise, ukuthi uLizwi qobo lwaKhe, uNkulunkulu, waba yinyama wakha phakathi kwethu."

32 AmaHeberu 13:8 athi, "Nguyena izolo, namuhla, naphakade." Manje-ke uma Enguyena, futhi kuyiZwi, manje-ke lazimemezela kanjani iZwi qobo lwaLo kuyoyonke eminye iminyaka na? Lizofanele lizenzele Lona uqobo indlela efanayo namhlanje, ukuba libe nguJesu Kristu onguyena izolo, namuhla, naphakade. Lokho akungaphezu kweQiniso. UyiZwi; futhi kuphi, ukuthi iZwi lamenyezelwa kanjani kuyoyonke eminye iminyaka. UNkulunkulu akaziguquli Yena uqobo. UMalaki 1 noma. . .UMalaki 3:6 uthi Akaguquki. "NginguNkulunkulu, Angiguquki."

33 Ngakho indlela impela Ayeyiyo ekuqaleni, Uyiyo namhlanje. Futhi WayeyiZwi, esintwini, ekuqaleni. UNkulunkulu akasiniki neze isintu ibandla ukuba lime ngemuva, akabaniki neze isivumokholo ukuba sime ngemuva. Wayeqinise isidalwa esingumuntu ngeZwi laKhe, "Kholwa leliZwi futhi uphile!" Yinto efanayo namhlanje. NoKristu uyileloZwi, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi

wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu." Manje, Ayeyikho kweminye iminyaka, manje-ke Uzofanele abe ngofanayo namhlanje, uma Ehlala enguyena izolo, namuhla, naphakade. Okungukuthi, ngicabanga ukuthi ngikuchasise kahle ukuthi nguJesu Kristu onguyena izolo, namuhla, naphakade, futhi UyiZwi.

34 Manje, uJesu wathi, "ImiBhalo yayingephulwe." ImiBhalo wawuqinisile. NomBhalo uyasho, kuJohane oNgcwele 1, ukuthi, "ULizwi waba yinyama, wakha phakathi kwethu." UNkulunkulu waba yinyama, eNdodaneni yaKhe, uJesu Kristu, futhi wakha phakathi kwethu. KuJohane oNgcwele 10:35, uJesu wabiza labo Eza kubo, okwakuyiZwi ekuqaleni, "abaprofethi." UJesu wathi lapha, "Umthetho wakini uqobo unifundisa ukuthi, labo iZwi likaNkulunkulu eleza kubo, neZwi likaNkulunkulu leza kubaprofethi."

35 Manje amaHeberu, isahluko 1, athi e. . . athi, "UNkulunkulu, endulo," nalokho ngamandulo, "ngezindlela eziningi wakhuluma kobaba, ngabaprofethi; ngalolusuku lokugcina ngeNdodana yaKhe, uJesu Kristu." Niyabo?

36 Manje, qaphelani manje, uNkulunkulu! UJesu washo ukuthi, "Labo iZwi eleza kubo, wabizwa 'ngonkulunkulu,'" lowo kwakungabaprofethi. Manje, akusikho ukuthi umuntu qobo lwakhe wayenguNkulunkulu, akusikho ukuthi umzimba kaJesu Kristu wawunguNkulunkulu. Wayengumuntu, noNkulunkulu wayembozwe ngeveyili emva kwaKhe.

37 UNkulunkulu ubehlala njalo Ezemboza ngeveyili ukuqhela emphakathini, futhi Wazembula kubantu abazokukholwa. UNkulunkulu! NgaleliSonto eledlule, etabernakele, ngashumayela ngokuthi *UNkulunkulu Ombulwe Iveyili*. UNkulunkulu ubehlala njalo Ezemboze ngeveyili emva kwento ethize, ukuze abantu bezwe elingaphandle bengezukwazi lutho ngaYe. Kodwa Uzembula Yena uqobo kubantwana baKhe nakulabo abavumayo ukungena emva kwaleyoveyili.

38 ETestamenteni Elidala kwakukhona izikhumba zetahasi ezazifihla uNkulunkulu. WayeseNkazimulweni yeShekina. Kwakusemva kwezikhumba zetahasi. Ngaphambi kokuba beze emva kwezikhumba zetahasi, ba . . .

39 IZwi lalikuMose, umprofethi. Wenyukela entabeni. Wayehlangane neNsika yoMlilo, futhi Yakhuluma kuye. Wehla wayesenza izibonakaliso zomprofethi, wakhipha abantwana bakwaIsrayeli eGibhithe, beza kulentaba. Kwasekuthi-ke uNkulunkulu wehla wayesekhomba uMose, ngokumletha angene kuleyoNsika yoMlilo, futhi eMboza ngeveyili. Akekho omunye owayengahamba. Akukho muntu owayengazama ukuzifanisa nalokho, wayengenakukwenza, bafa. Kuthathe umuntu oyedwa, wangena emva kwalapha, eNsikeni yoMlilo, eNkazimulweni kaNkulunkulu,

naseNkazimulweni yeShekina; futhi ngenkathi ephuma naleloZwi lalowonyaka, wayekhazimula kakhulu ngeNkazimulo kaNkulunkulu waze wamboza ubuso bakhe ngeveyili. Abantu babengenakumgqolozela. Naleyo kwakuyiveyili yemvelo.

40 Kuyini na? Uma umuntu ebhobokela kuleyoveyili, angene eNkazimulweni yeShekina manje, izwe limbiza ngohlanya. Abakwazi ukubona ukuthi yini engalungile. Kodwa emva kwalapho, akukho buhle bakhe. Angahle angawabizi kahle amagama akhe. A—angahle angagqoki kahle nje. Angahle angagqoki izingubo zabefundisi benkolo. Angahle owesifazane angagqoki ngendlela abacabanga ukuthi ubefanele agqoke ngayo. Kungahle kube, kodwa, niyabo, ngaphakathi, emva kwalesosikhumba setahasi, emva kwalesosikhumba somuntu, phakathi lapho yiNkazimulo yeShekina, phakathi lapho ngamandla, phakathi lapho yiZwi, phakathi lapho yisinkwa sokubukwa. NeNkazimulo yeShekina, engukuKhanya, eyenza ukuKhanya okuvuthwisa uhlamvu.

41 Ninabantu baseKansas niyakwazi lokho, ngokudla kwenu okusanhlamvu kukakolo. Ngaphandle kwalelolanga, ngeke kukhanye.

42 Uze ungene emva kwalesosikhumba setahasi, uze uphume esikhunjeni sakho esidala, imicabango yakho emidala, izivumokholo zakho ezindala, futhi ungene eBukhoneni bukaNkulunkulu; khona-ke iZwi libangubumpela obuphilayo kuwe, khona-ke uphaphamiselwa eNkazimulweni yeShekina, khona-ke iBhayibheli liba yiNcwadi entsha, khona-ke uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade. Uphila eBukhoneni baKhe, udla isinkwa sokubukwa esihlinzekelwa kuphela lolosuku lwamakholwa, abapristi kuphela. "Futhi singabapristi, ubupristi bobukhosi, isizwe esingcwele, abantu abazuziweyo, benikela imihlatshelo yokomoya kuNkulunkulu." Kodwa nifanele ningene, ukuya emva kweveli, ukuba nibone uNkulunkulu ombulwe iveli. Futhi uNkulunkulu umbulwe iveli, lelo yiZwi laKhe libonakalisiwe.

43 Manje namhlanje sinabantu abaningi abathi, "Awu, thina, njengo *s'bani-bani*, siLikholwa nga*le*ndlela." Elinye iqembu lithi, "Thina, njengo *s'bani-bani*, siLikholwa nga*le*ndlela." Niyabo, nithola eziningi izihumusho!

44 UNkulunkulu akadingi nayimuphi umhumushi. Uhumusha iZwi laKhe uQobo. IBhayibheli lithi, "Alichasiswa ngumuntu ngokwakhe." UNkulunkulu uyembula, qobo lwaKhe. Uyakwenza! Ekuqaleni, Wathi, "Makube khona ukuKhanya," futhi kwaba khona ukukhanya. Lokho akudingi kuhunyushwa. UNkulunkulu wathi, "Intombi iyokhulelwa," yakhulelwa. Lokho akudingi kuhunyushwa. UNkulunkulu wathi, "Ngezinsuku zokugcina," Uyo "thulula" owaKhe "uMoya

phezu kwayo yonke inyama," futhi Wakwenza. Lokho akudingi kuhunyushwa.

45 Kuselokhu kuyiZwi! IZwi linguNkulunkulu. UNkulunkulu, kuyoyonke iminyaka, wabele okungaka kweZwi laKhe. Futhi phakathi lapho, bhekisisani ukuthi Wenzani, Wathuma u—umprofethi. "NeZwi leNkosi liza kumprofethi." Umprofethi uyaLembula kwizethameli, nezethameli ziLikholwe. Futhi, manje-ke, lowo nguNkulunkulu emnyakazweni, uNkulunkulu ehamba ngoMoya waKhe.

46 Manje sithola ukuthi Wazikhomba Yena uqobo njengeNdodana yomuntu lapha, manje, ukugcwalisa. Manje, ngenkathi Efika emhlabeni, khumbulani, Wazikhomba Yena uqobo emphakathini, ngaphandle, Wazikhomba Yena uqobo njengeNdodana yomuntu. Weza ngegama amathathu endodana; Weza njengeNdodana yomuntu, iNdodana kaNkulunkulu, iNdodana kaDavide. Manje, *iNdodana yomuntu* ngu "mprofethi." Ngisho noJehova qobo lwaKhe wabiza uHezekeli, wathi, "Ndodana yomuntu." UJehova, ekhuluma kumuntu, umprofethi, wambiza nge, "Ndodana yomuntu." NoJesu wazikhomba Yena uqobo njengeNdodana yomuntu, ngoba imiBhalo ingephulwe.

KuDuteronomi 18:15, uMose wathi, emva . . .

47 Abantwana bakwaIsrayeli bathi, "UNkulunkulu akangabe esakhuluma. Sifuna uMose ukuba akhulume kithi."

48 Wathi, "Angisayikukhuluma kubo kanjalo, kodwa Ngiyakubathumela umProfethi."

49 KuDuteronomi 18:15, wathi, "INkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa umProfethi onjengaMi." Futhi ngakho lowomBhalo ungephulwe, Wafanele eze njengeNdodana yomuntu. Manje lokho kwakungokonyaka waKhe, ngenkathi Elapha emhlabeni.

50 Manje-ke ngenkathi Efa, wavuka, wenyuka, wayesethuma ebuyisa uMoya oNgcwele, leyo kwakuyiNdodana kaNkulunkulu. UNkulunkulu unguMoya, futhi wonke uNyaka weBandla bekuyiNdodana kaNkulunkulu.

51 Bese kuthi-ke esikhathini seminyaka eyiNkulungwane, yiNdodana kaDavide, ihlezi esihlalweni sobukhosi, ibusa. Yenyukile. "Onqobayo uyakuhlala naMi esihlalweni saMi sobukhosi, njengoba naMi nginqobile, futhi ngahlala phansi esihlalweni sobukhosi sikaBaba waMi." Uhlezi esihlalweni sobukhosi sikaBaba manje. Kodwa esikhathini seminyaka eyiNkulungwane, Uhlala phezu kwesihlalo sobukhosi saKhe uQobo, ngoba UyiNdodana kaDavide.

52 UyiNdodana yomuntu, iNdodana kaNkulunkulu, iNdodana kaDavide. Niyabo, kungokuphelele nje.

53 Manje siyathola, Wafanele eze njengomprofethi. Ukungaguquki kweZwi laKhe! UNkulunkulu akaguquki.

UNkulunkulu akaguquki, ngokuba WayengumProfethi owayekuJosefa. WayengumProfethi, WayenguNkulunkulu kuJosefa. WayenguNkulunkulu kuDavide.

54 Bhekisisani uJosefa, wafanekisa nje ukuphila kukaKristu cishe impela ngokuphelele, kodwa wenza iphutha, ukukhombisa ukuthi wayengesuYe. Umuntu wenza amaphutha. Niyabo, watshela uFaro, wathi . . . Watshela uyise, owayengumprofethi, uJakobe, wathi, "Utshele uFaro ukuthi—ukuthi singabelusi bezinkomo, ngoba umelusi wezimvu uyisinengiso kumGibhithe." Kodwa uyise, uMoya awumvumelanga akwenze; wathi, "Izinceku zakho, abelusi bezimvu." Ngakho niyambona uJosefa lapho enza iphutha.

55 UDavide, umuntu omkhulu, wenza iphutha. Umuntu ongowenhliziyo kaNkulunkulu uQobo, nokho wathatha uBati-Sheba, ecabanga ukuthi wayengakufihla lokho kuye impela uNkulunkulu ayekade emkhonza, yonke impilo yakhe, kodwa uNkulunkulu wamdalula ngoNatani umprofethi. Niyabo?

56 Kodwa nokho buka uDavide ngenkathi ephuma, edingisiwe kubantu bakhe uqobo, inkosi elahliweyo. Indodakazi yakhe uqobo yayikade idlwengulwe ngumfowabo, nabanye abafowabo babembulele. Futhi nangu wayelapha, uAbsalomi wayevukile wayesehlukanisa impi, ebangela umbhedukazwe; futhi uDavide, uyise uqobo, waxoshwa, wasuswa, walahlwa ngabantu bakhe. Ephuma emzini, umfo othi akabe yisishosha kancane ehuduleka ngapho, ehlekisa ngaye, futhi emkhafulela ngamathe. Lowo mlindi wahosha inkemba yakhe, wathi, "Ngizoyeka lelokhanda lenja lihlale kuyo, ikhafulela inkosi yami ngamathe na?"

UDavide wathi, "Myeke. UNkulunkulu umtshele ukuba enze lokho."

57 Akungabazeki, uDavide wayengazi ukuthi wayenzani; wenyuka iNtaba yemiNqumo efanayo lapho, wayesebuka ezansi, ekhala izinyembezi, inkosi elahliwe. Lapho, iminyaka engamakhulu ambalwa emva kwalokho, uJesu Kristu wahlala entabeni efanayo, iNdodana kaDavide, ekhala izinyembezi njengenkosi elahliwe, futhi baMkhafulela ngamathe, naye.

58 Niyabo, zonke lezizinto nje zazifanekisa uKristu. Wayeyingxenye yakho. UNkulunkulu akaguquki. Imvelo yaKhe ayiguquki. Isimilo saKhe asiguquki. Usalokhu eyilo iZwi, niyabo, noMalaki 3:6 uyakufakazisa lokho. Uguqula isimo saKhe nje sonyaka ngamunye. Unyaka ngamunye, Wabele ingxenye yeZwi eprofethwe ukuthi iyokwenzeka ngezinsuku ezithize. Awu, lapho lowonyaka ufika, uNkulunkulu uhamba ngesinye isimo nje. Niyabo, nguNkulunkulu ngaso sonke isikhathi, iZwi, "iZwi laba yinyama lakha phakathi kwethu."

59 Manje kumaHeberu 4, siyathola, amaHeberu 4:12. UJesu wakhonjwa ngokuphelele ngemisebenzi yaKhe nalokho Akwenzayo, ngoba amaHeberu 4:12 ayasho ukuthi, "IZwi

likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika-nhlangothi zombili. Lona futhi lehlulela imicabango nezizindlo zenhliziyo."

60 Waba kanjalo-ke uAbrahama, ngenkathi leNdoda ihlangane naye, nothuli ezingutsheni zaYo, futhi siyathola, ngenkathi uAbrahama ebone leNdoda, waYibizela eceleni.

61 Amabili awo ehlela eSodoma; isithombe esihle kakhulu salolusuku esiphila kulo, futhi sithola uBilly Graham wesimanje nabo beseSodoma, bebakhipha.

62 Bukani ibandla elikhethiwe, nokho, inzalo yangempela kaAbrahama. ULoti wayeyindodana yomfowabo, kodwa uAbrahama . . . LeNdoda ayizange yehle, Le eyakhuluma noAbrahama. Futhi lapho Ikhuluma noAbrahama, Yathi, "Abrahama." Manje khumbulani, igama lakhe lalingu *Abrama,* izinsuku ezimbalwa ngaphambi kwalokho, nomkakhe wayengu*Sarayi*, hhayi uSara.

Yayisithi, "Abrahama, uphi umkakho, uSara na?"

Wathi, "Usethendeni, emva kwaKho."

63 Yathi, "Ngizokuvakashela ngokwesikhathi sokuphila."

Futhi uSara, enhliziyweni yakhe, wathi ukuhleka ngakho.

64 "NeNdoda, Ifulathele ithende," iBhayibheli lathi, "wathi, 'Uhlekeleni uSara na?' ethendeni emva kwaYo."

65 Futhi uAbrahama wabiza leyoNdoda ngo "Elohim." U *Elohim* ngo "khona ngokwamandla aKhe."

66 Manje igama lesiNgisi elithi *nkulunkulu* lichaza noma yini. Lawomagama esiNgisi, ufanele uwabhekisise, ngoba anazo zonke izinhlobo zemiqondo ephendukezelwe. Unkulunkulu, lelideski lingaba ngunkulunkulu, isihlahla singaba ngunkulunkulu, umuntu angaba ngunkulunkulu, noma yini unkulunkulu, igama lesiNgisi lichaza unkulunkulu.

67 Kodwa ukuthi *Elohim* kuchaza ukuthi "okhona ngokwamandla akhe." Kungabakhona kuphela . . . Lelideski alikho ngokwamandla alo. Umuntu akekho ngokwamandla akhe. Isihlahla asikho ngokwamandla aso. Kodwa uElohim ukhona! Okhona ngokwamandla aKhe, obonakaliswe enyameni, emi lapho, edla, ephuza ubisi oluphuma enkomazini, edla inyama, ithole, edla isinkwa, futhi ekhuluma noAbrahama. Futhi uAbrahama wathi kwakungu "Elohim."

68 Futhi uJesu, kuLuka oNgcwele 17, wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo lapho ekubuyeni, lapho iNdodana yomuntu iyobonakaliswa." Hhayi iNdodana kaNkulunkulu, manje; "iNdodana yomuntu ibonakaliswa"! "Lapho Yembulwa, yenziwa yaziwe eBandleni laYo, iNdodana yomuntu iyokwembulwa ngaphambi nje kweNdodana ethenjisiweyo."

69 UAbrahama wayembonile uNkulunkulu ngezimo eziningi ezehlukene, ekuKhanyeni, nasemibonweni; kodwa nangu uNkulunkulu wayeseNdodeni, ngaphambi nje kokuba elindelwe nethenjisiwe indodana ibonakale.

70 UJesu wathi, "Ngaphambi kokuba iNdodana ethenjisiwe ibuye futhi, uElohim uyoZi (iZwi laKhe) bonakalisa enyameni, uNkulunkulu!"

"Banumzane, sithanda ukubona uJesu!"

71 UNkulunkulu wazibonakalisa ngokufanayo kuyoyonke iminyaka, bekuhlala kunjalo, Uzifihlile Yena uqobo phakathi emva kwenyama yomuntu. NguNkulunkulu kini. "Kuseyisikhashana nezwe lingabe lisaNgibona, nokho niyakuNgibona nina. Ngiyakuba nani." Ukhona ngisho kithi; Uyoba khona, kuya ekupheleliseni, aze Embulwe esimweni evela eZulwini.

72 IZwi likaNkulunkulu lalonyaka, Wawethembisani lonyaka na? Uma nibheka eBhayibhelini futhi nibone ukuthi yini ethenjiselwe lonyaka, futhi niyakubona Lokho kuphila obala, angikhathali ukuthi ubani othi Liqinisile noma linephutha, Liqinisile ngoba LinguNkulunkulu ehumusha iZwi laKhe uQobo.

73 Akadingi muntu ukuba athi, "Awu, lezozinsuku sezedlule. Ayikho into okuthiwa ukuphilisa ngokukaNkulunkulu. Nakho konke lokho ngubuhlanya." Ku—kuyiphutha! Uma uNkulunkulu ethi Uyokwenza onyakeni othize, Uyokwenza. Kodwa into yakho ingukuthi, singena enkambisweni endala yento ethize emuva le, isikole esikhulu esithize esivela kude le, futhi siyaLigeja.

74 Yingalesosizathu bageja uJesu ngenkathi Efika. Babesalokhu bezama ukuphila phansi koMthetho, kanti iBhayibheli lalisho ngokucacisile. . . Khona lapha, ngizoLifunda, Wathi, "Hlolani imiBhalo, kuYo nithi ninokuPhila okuPhakade, futhi YiYo efakaza ngaMi. Uma imiBhalo ingafakazi ngaMi, khona-ke kuyiphutha." Impela babefanele babone ukuthi intombi iyokhulelwa! Impela Wayeyimpendulo ephelele emiBhalweni! Thina maKristu siyakukholwa lokho manje.

75 Kodwa kwakuyomsiza ngani uMose ukuza nosuku lukaNowa, umlayezo kaNowa na? Kwakuyomsiza ngani uJohane umBhaphathizi ukuza nomlayezo kaMose na? Niyabo?

76 Asinawo umlayezo kaSankey. Asinawo umlayezo kaMoody. SinoMlayezo walelihora! Asinawo umlayezo kaLuther noma umlayezo kaWesley. Babekahle, kodwa lolu ngolunye usuku. Lesi ngesinye isithembiso. Lona ngomunye unyaka webandla. "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade!" Kushaqisa kanjani, abantu bangathola ukuphuphutheka kanjani, onyakeni, kodwa kufanele kube ngaleyondlela. "Basivivi,"

kulonyaka, iBhayibheli lathi, "futhi bayohlanzwa baphume emlonyeni waKhe," kuloNyaka weBandla laseLawodikeya. "Kodwa abaningi Abathandayo, Uyabalaya futhi abasole." Wakhuluma ukuthi kuyoba ngalendlela kuloNyaka weBandla laseLawodikeya.

77 Khumbulani, uNkulunkulu uguqula isimo saKhe. *En morphe*, igama lesiGreki lichaza ukuthi Ufaka isifihlabuso esihlukile. Njengaku *Carmen* noma okuthize, noma—noma imidlalo kaShakespeare, U—Unjengomdlali, Uguqula isimo saKhe. Konke lokho abaprofethi ababeyikho, lokho kwakunguNkulunkulu kulabo baprofethi. UJesu washo njalo, "Nibabiza 'ngonkulunkulu,' labo iZwi likaNkulunkulu eleza kubo: futhi nakhu Ngilapha, iNdodana kaNkulunkulu, niNgilahla kanjani na?" O, he!

78 Into efanayo namhlanje, nguNkulunkulu ebonakaliswe enyameni, uMlayezo wehora, ukuKhanya kosuku! Singeke saba naleyo eminye imilayezo emuva lapho, isivele iphiliwe; siphila ekubenyezeleni okuxhopha amehlo kokukhanya.

79 Lokho isikweletu esikhulu kunazo zonke, ukuphanga okukhulu kunakho konke, izizwe esike sakwazi, kwenziwa eNgilandi lapha kungekudala, kwenziwa ngamalambu amanga. Amadola ayizigidi eziyisikhombisa, ukuphanga isitimela, kwakungakaze kwaziwe ngakho ngaphambili, emlandweni. Leso kwakuyisikweletu esikhulu, uphawu onyakeni wezigelekeqe ezweni.

80 Nophawu olukhulu kunazo zonke lwezigelekeqe onyakeni, ezweni esiphila kulo njalonjalo, ngukukhanya kwamanga kulelihora esiphila kulo, kuzama ukusibeka phansi kolunye uhlobo lwesivumokholo nezinto. Kanti, siyizincwadi eziphilayo, noma, ngamany'amazwi, siyizincwadi ephilayo, elotshiwe futhi manje iphila obala iZwi likaNkulunkulu, njengoba Ethembisa ehoreni; iZwi elibonakalisiwe, izincwadi ezilotshiwe, ebiphila kubonakale. Yilokho abaphostoli ayeyikho.

81 Yilokho uJohane umBhaphathizi ayeyikho. "Wayeyiphimbo lomemeza ehlane." Wazama ukubatshela lokho. Futhi wayenguMalaki 3, "Bhekani, Ngiyathuma isithunywa saMi phambi kobuso bami, lungisani indlela phambi kwabantu." WayeyileloZwi eliphilayo.

82 Nebandla leqiniso elizelwe ngokusha kulelihora liyiZwi eliphilayo likaNkulunkulu. LiyiZwi lalonyaka, elibonakalisiwe. Hlolani imiBhalo futhi nibone ukuthi yini efanele ukubakhona kulonyaka. Nango uKristu ephila futhi, eguqula nje isifihlabuso saKhe esuka kwesinye eya kwesinye.

83 Manje, Wakhonjisiswa njengoMesiya. Babefanele ukukwazi. Siyazi ukuthi uMesiya wayefanele ukuba yini. Wayefanele ukuba ngumProfethi. Yilokho iBhayibheli elathi Wayeyikho. Yilokho Athi Wayeyikho. "Mina iNdodana yomuntu, nithi

NginguBani iNdodana yomuntu na?" Njalo uzikhomba Yena uqobo njengonyaka womProfethi, uzikhomba Yena uqobo njengomProfethi kaNkulunkulu. Yilokho Ayeyikho.

84 Kodwa Wayedlula umprofethi. WayenguNkulunkulu-mProfethi. Lokho uDavide ayeyikho, lokho uMose ayeyikho, lokho uElija ayeyikho, konke okwakho okwakuyikho, "kuYe kwakuhlala ukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba." WayenguNkulunkulu-mProfethi. WayenguNkulunkulu, uJehova, waba yinyama eNdodaneni yaKhe uQobo, wazivusela Yena uqobo itabernakele ukuba azibonakalise Yena uqobo kulo. Bonke abanye babo behluleka, babenezimfa; kodwa alukho ufa kuYe. Ngisho uNkulunkulu qobo lwaKhe wathi, "Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo eNgithokozile ukuhlala kuyo." Kunjalo, alukho ufa kuYe. "Yizweni!" WayenguNkulunkulu obonakalisiweyo.

85 Bathi, "Uzenza Wena uNkulunkulu, noma olingana noNkulunkulu." Wayenguye. WayeyiNdodana yaKhe uQobo. Amen. Wayene. . . Wayengukubonakaliswa kukaNkulunkulu. UNkulunkulu wayekuKristu, enza ukuba izwe libuyisane naYe.

86 Nakulolusuku lokugcina, Ukhuluma kubantu ngeNdodana yaKhe, uKristu Jesu, Ezenza aziwe. Manje-ke yini uKristu na? IZwi. IZwi lani, izwi likaMose na? Yebo, kodwa namhlanje UyiZwi elibonakalisiwe lalolusuku.

87 Qaphelani ukuthi uJesu wayenjani. Manje, UngumProfethi, ake sibone ukuthi ngabe Wayenaso yini isibonakaliso sobuMesiya. Asiye kuJohane oNgcwele, isahluko 1, okwelandelayo emihlanu, imizuzu eyishumi, ngaphambi kokuba sivale. UJohane oNgcwele 1, siMbona efika emhlabeni. Wazalwa yintombi, lokho nje iBhayibheli elakushoyo. Wakhulelwa esizalweni sentombi.

88 Akusikho ukuthi intombi yayingunkulunkulukazi manje, yona. Wena uthi, "Kuthiwani ngoMariya na?" Wayengongaphelele. Wayengowesifazane, owesifazane nje njenganoma yimuphi omunye owesifazane, hhayi unkulunkulukazi; owesifazane. Omunye wathi, "Awunamahloni ukusho lokho na?" Qhabo, mnumzane!

89 Bhekisisani lapha. Walenza kuphi iphutha na? Ngani, lapha wenza elilodwa. Ngenkathi behlela emkhosini wePentekoste, nabantu bahambisana uhambo lwezinsuku ezintathu; futhi balahlekelwa nguYe, abazali baKhe, ngakho babuyela emuva ukuyoMthola. Futhi baMthola emBhalweni, enenkulumo-mpikiswano ngaWo nabapristi ethempelini. Futhi bhekisisani ukuthi uMariya wathini, khona lapho phambi kwalabo bapristi, labobagxeki. Wathi, "Uyihlo nami besiKufuna, ngezinyembezi."

90 Kodwa iZwi njalo liqondisa ukweduka. WayeyiZwi, uMfana oneminyaka eyishumi-nambili ubudala. Kwavelaphi lokhu kuhlakanipha na?

91 Khumbulani, khona lapho waphika ubufakazi bakhe. Wathi uNkulunkulu wayenguBaba waKhe; futhi lapha wathi, "Uyihlo nami, uJosefa, ubeKufuna, ngezinyembezi."

92 Wathi, "Anazi yini ukuthi Ngimelwe ukuba ngibe kokukaBaba waMi na?" Niyabo? Niyabo? Ukuba Wayekade enobaba waKhe, uJosefa, uJosefa wayekade engubaba waKhe, Wayeyobe kade enza iminyango yamakhabethe nezinto. Niyabo? Kodwa WayekokukaBaba waKhe, eqondisa iZwi lalolosuku. WayeyiZwi. Amen. Niyabo, uMariya wenza iphutha, kodwa akukho maphutha Yena awenzayo. WayeNgopheleleyo.

93 Qaphelani, ngenkathi Ezalwa, wakhuliswa, wabhaphathizwa nguJohane, uMoya oNgcwele wehlela kuYe, ehlane, ngemuva phandle, inkonzo yaKhe yaqala, ephilisa. Kwakukhona indoda ethiwa uSimoni, futhi wafika nomfowabo, uAndreya, emhlanganweni.

94 Manje lalelisisani manje, sizovala—vala, futhi sibone ukuthi Wayeyini ngaleyonkathi. Futhi uma "Akhuluma kobaba ngabaprofethi, ngalolu izinsuku zokugcina ngeNdodana yaKhe," nibone nje ukuthi uNkulunkulu uyini namhlanje, nibone ukuthi ngabe Ukhonjwa ngendlela efanayo yini.

95 Wazikhomba kanjani Yena uqobo na? Ngabe Wehla bese ethi, "Manje Ngedlule esikoleni. NgineZiqu zami zoBuciko, iPh.D., LL., njalonjalo. Sengilungele inkonzo yaMi"? Qhabo, mnumzane. Akakwenzanga. Wahamba wangena ehlane, njengoba kwenza uJohane, waphuma egcotshwe ngoMoya oNgcwele.

96 Bhekisisani ukuthi Wazikhomba kanjani Yena uqobo ngenkathi Eqala ukushumayela. Kwakunendoda, uAndreya, wayekade elalele uJohane, wahamba noJesu ukuthola ukuthi Wayekuphi, waMlandela ezansi ukuya emhlanganweni; waletha umfowabo, uSimoni. Kwathi nje uSimoni angenyukela eBukhoneni bukaJesu, uJesu wathi, "Igama lakho unguSimoni, futhi uyiNdodana kaJona." Lokho kwaMkhomba. Khona lapho igama likaPetru lashintshwa lisuka kuSimoni liyakuPetru, okuyi "tshe elincane," futhi wabayinhloko yebandla, kamuva.

97 Manje-ke sibona umfo emi lapho, ogama linguFilipu, wathi, "Manje awume kancane, kade singenaye umprofethi iminyaka engamakhulu amane. Umprofethi olandelayo, siyazi ukuthi kuzoba yini."

98 Ngakho manje-ke uhamba uzungeza izintaba, cishe amamayela ayishumi nanhlanu, uma uke ube lapho ukumaka indawo, lapho afumana khona umngani owayekade enezifundo zeBhayibheli ndawonye. Wayeyindoda ethembekile ngempela, indoda ephucuzeke kahle. Igama layo kwakunguNatanayeli. Ngakho akungabazeki, enyukela emnyango futhi ethola ukuthi wayengekho endlini yakhe ngqo, kungahle ukuba

kwakukade kungumkakhe owathi, “Uphumile usesixhobeni sakhe seminqumo, phandle lapho ekhuleka.”

99 Ngakho uFiliphu, eshisekele kakhulu ngalokho ayekade ebone kwenziwa, ukukhonjwa okuphelele kukaDuteronomi 18:15, umProfethi wayekade evukile! Ngakho wahamba, wahlangana noNatanayeli, wayesethi, “Natanayeli, woza, ubone ukuthi Ubani esimfumene.” Wayengenasikhathi sokuxoxa ngesimo sezulu nezinto. Umlayezo wawuphuthuma. Inhliziyo yakhe yayivutha. Lokho kukhulu kakhulu kithi manje, sinezinto eziningi kakhulu ezinye ukuba sizenze ngaphandle kwa*Lokhu*. Nento yokuqala niyazi, wathi, “Woza, ubone ukuthi Ubani esimfumene, uJesu waseNazaretha, indodana kaJosefa.”

100 Ake sibhobokele engxoxweni yabo lapho behamba bezungeza ugu lolwandle. Sengiyamuzwa uFiliphu ethi kuNatanayeli, “Uyamazi lowomdobi omdala ezansi lapho, uyazi?”

101 “O, o—o—omdala owafa lapha kungekudala, uJona na?”

“Qhabo, qhabo. Indodana yakhe, uSimoni.”

102 “Yebo, Yebo. O, ngiyakhumbula ngithenga inhlanzi kuye. Awu, kuthiwani ngaye na? Awu, akanayo imfundo eyenele ukuba asayine igama lakhe uqobo. Akakwazanga ukusayina irisidi yami.” (IBhayibheli lathi wayengazi lutho futhi engafundile, kodwa baqaphela ukuthi wayekade enoJesu; ngakho sithola ukuthi wayengakwazi ngisho nokusayina irisidi.)

103 Wathi, “Ya,” wathi, “uyazi uk’thini? Ngenkathi enyukela ngqo ebukhoneni baloMuntu, uMuntu engamazi, wamtshela ukuthi igama lakhe wayengu ‘Simoni, indodana kaJona.’” Wathi, “Lowo akasuye uMesiya na? Lowo akasuye umprofethi na? Lowo akusuye uDuteronomi 18, imiBhalo igcwaliseka na? Landelisa emuva impilo yaKhe; suku luni esiphila kulo na? Siphila, sibhekisisa lowoMesiya ozayo. Sonke thina maHeberu sinjalo. Lokho akusikho na?”

104 “A, manje awume kancane,” kwasho uNatanayeli, “Ngizofanele ngithole.”

“Awu, ngeke kungimangalise uma Engeke akwazi.”

105 “Ha-a-a, angikubone. Ake ngiye komunye wemihlangano bese ngikubona kwenziwa.”

106 Kulungile, ukhuphukela ngqo emhlanganweni lapho uJesu emi khona. Wathi, “Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!”

Wathi, “Rabi, Ungaze nini na?”

107 Wathi, “Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi, Ngakubona.” Kwakuyilokho. Kwakuyilokho.

108 Kuyini lokho na? “UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade.” Niyabo, Wazikhomba Yena uqobo, iZwi.

109 Wathini lo ongofundayo na? "Rabi, UyiNdodana kaNkulunkulu Wena. UyiNkosi kaIsrayeli."

110 Kodwa nakho kumi abanye balabo eduzane, abangakukholwanga lokho. Bathi, "LoMuntu unguBelzabule."

111 UJesu wathi, "Ngiyanithethelela ngalokho, nibiza uMoya kaNkulunkulu 'ngento engcolile,'" ngoba ukubuyisana kwakungakenziwa. "Kodwa nxa uMoya oNgcwele, Yena uMoya oNgcwele . . . " *Yena* yisabizwana somuntu; nxa, hhayi umcabango; uMuntu! "Nxa Yena uMoya oNgcwele ufika ukuzokwenza into efanayo, izwi elilodwa elimelene naWo alisoze lathethelelwa." Khumbulani, Nguyena izolo, namuhla, naphakade, iZwi elikhonjiwe lenziwe inyama. Manje-ke siMthola lapho, manje, lokho kwakungamaJuda.

112 Zintathu kuphela izinhlanga zabantu. Singabanokwehlukana kwethu kobuhlanga no—nokuhlangana kobuhlanga, futhi noma yini enifuna ukuyenza, ngi . . . akusilo isasasa lami. Ngiyinceku kaKristu, ngikhonzisa wonke umuntu. Kodwa, lalelani, ake nginitshele. Bukani lapha. Kwakukhona iJuda, oweZizwe, nomSamariya.

113 Futhi bhekisisani iVangeli, sikhuluma ngoPetru enezihluthulelo. Walivula ngoSuku lwePentekoste, kumaJuda. UFiliphu wehla wayesebhaphathiza amaSamariya, futhi wakhipha odeveli, uMoya oNgcwele wawungakehleli kuwo; uPetru wehla wayesebeka izandla phezu kwawo, emukela uMoya oNgcwele. Nasendlini kaKorneliyu, abeZizwe baMemukela.

114 Manje, abeZizwe, thina beZizwe, thina maAnglo-Saxon, sasingabheke ngisho Mesiya; sasingabahedeni, nezagila emhlane wethu, sasikhonza izithixo. Kodwa bobabili umJuda nomSamariya wayebheke uMesiya.

115 Futhi Uza kuphela kulabo abaMbhekile. Kubekeni emqondweni kuwo wonke lomhlangano, Uyohlangana kuphela nalabo abaMbhekile!

116 Ekugcineni, khona-ke Usweleke ukuba . . . wayeya eJeriko ngolunye usuku, futhi wayeswelekile ukuba adlule ngaseSamariya, lokho kuphezulu ngasezintabeni. Wehlela endaweni . . . Manje, siMbonile ezikhomba Yena uqobo njengesobuMesiya, ekhombisa isibonakaliso saKhe sobuMesiya, futhi basihlambalaza, ngakho Uswelekile ukuba adlule eSamariya. Babebheke uMesiya, nabo. Ngakho Wafika emzini othiwa iSikari, lapha cishe kweleshumi nambili nqo.

117 Umthombo, uselapho, bahlala phansi nje ngakuwo, ngaphandle nje kwesango lomuzi. Lapho, iphampu yomphakathi, bonke beza ukuzokha amanzi abo; akusiyo iphampu, bawudedela wehle nje ngesigwedlo bese bekha amanzi. Futhi banalabo jeke abakhulu, bayakwenza nanamhlanje. Futhi ukhuluma ngokubhalansa, abanye benu

besifazane niyahamba nithwele amabhuku ekhanda lenu na? Anoke nibone ukuthi labo besifazane bangawubeka kanjani ujeke ongamagalane amahlanu phezulu ekhanda labo, nomunye enqulwini; futhi nje bahambisane, baxoxe, futhi bewubhalansisa nje ngokuphelele nje.

118 Futhi behla, lapha cishe kweleshumi nanye nqo osukwini, ngenkathi befika lapho sekulapha emini, futhi Wathuma abafundi emzini ukuba bayothenga umphako.

119 Futhi kwakukhona owesifazane emzini, owodumo olubi, wayengavunyelwa ukuba abe nabobonke abesifazane, ngakho waphumela emthonjeni ukuzokha isabelo sakhe samanzi. Futhi lapho esezokwehlisa imbiza yamanzi, wabuka, ohlezi ngale encike udonga, iNdoda eyakhuluma kuye, yathi, "Sifazane, Ngiphuzise."

120 Manje, babenokwehlukana okuqondile, amaJuda na—namaSamariya. Futhi waYazisa, ngokukhulu ukushesha, ukuthi—ukuthi kwakungesilo isiko lokuba iNdoda yohlobo lwaYo ukuba icele owesifazane onguye, umSamariya, nayiluphi usizo, ngokuba amaJuda namaSamariya ayengenakho ukuzwelana, ayengenazinto zokudlelana. Yathi, "Kodwa ukuba bewazi ukuthi Ubani obukhuluma kuye, ubuyocela kiMi amanzi, futhi beNgiyakukunika amanzi ungezi lapha ukuzokukha."

121 Wayenzani na? Exhumana nomoya wowesifazane. Wayengumprofethi. Nengxoxo yayingukuthi bafanele yini bakhuleke eJerusalema noma entabeni. Wathi, "UBaba ufuna labo abakhuleka ngoMoya nangeQiniso."

122 Futhi Waqhubeka Waze wathola ukuthi yayiyini inkathazo yowesifazane. Wehla ngqo Waze wayithola inkathazo yakhe. Sonke siyazi ukuthi yayiyini, ofunda iBhayibheli, uJohane oNgcwele 4. Sitholeni na? Wayenamadoda amaningi kakhulu. Wathi, "Hamba ulande indoda yakho uze lapha."

Wathi, "Anginandoda."

Wathi, "Ukhulume iqiniso, ngoba ubunayisihlanu."

123 Bukani umehluko kulowo wesifazane omncane nalabo bapristi ngalolosuku. Wathi, "Nkosi, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena. Manje kade singenaye iminyaka engamakhulu amane. Ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena. Siyazi nxa uMesiya efika, yilento Ayoyenza." Kunjalo na? "Uyosikhombisa lezizinto. Uyositshela lokhu."

Wathi, "NgiNguye, okhuluma kuwe."

124 INdoda nje ejwayelekile ihlezi lapho, ineminyaka engamashumi amathathu ubudala nje; cishe ibukeka inamashumi amahlanu, ngoba babeshilo nje, kuJohane oNgcwele 6, "UnguMuntu ongakevi emashumini amahlanu ubudala, futhi uthi Ubone uAbrahama, manje siyazi Unodeveli."

Kodwa Wathi, "UAbrahama engakabikho, NGIKHONA."

125 Futhi, ya, Wayelapho-ke, umfo omncane nje, mhlawumbe esebampunga kancanyana entshebeni yakhe, umsebenzi waKhe; umzimba waKhe womuntu wawuyintekenteke, "kungekho buhle ukuba siMfise," isikhumba esidala setahasi futhi; kodwa okwakungaphakathi kwaso kwakuyiShekina, okwakungaphakathi kwaso kwakunguNkulunkulu. UNkulunkulu! Kwakuyini na? Lapho Wakhonjwa, iZwi likaNkulunkulu, lazi imfihlakalo yenhliziyo yabo. Niyabo, lelo kwakuyiZwi likaNkulunkulu. WayeyiZwi likaNkulunkulu.

126 Futhi iZwi likaNkulunkulu lisakwenza lokho, ngoba Unguyena izolo, namuhla, naphakade. Niyakuthola, kutholeni ekucabangeni kwenu manje? Qaphelani, "onguyena izolo, namuhla, naphakade."

127 Wagijimela emzini, futhi wathi, "Wozani, nibone uMuntu ongitshele engikwenzile. Kungebesiye yini uMesiya Lona impela na?"

128 Uma leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya, eJudeni naku . . . naku—umSamariya; futhi Akabheki buso-bamuntu, onguyena izolo, namuhla, naphakade; futhi lokho kwakungukuphela, ngenkathi uNkulunkulu ema ukusebenzana namaJuda namaSamariya. Futhi lokhu ngukuphela kwesimiselo sesikhathi sabeZizwe, ngenkathi Esenyuke wadlula kubaguquli nokunye nokunye, kuyofika ekupheleni, futhi kwathenjiswa, "Njengoba kwenzeka emihleni kaAbrahama, kuyobanjalo nxa iNdodana yomuntu yembulwa kwabeZizwe osukwini lokugcina." Iyobuya futhi.

129 Kuningi kakhulu obekungashiwo lapha, kodwa angisheshise manje ngoba seku—sekungelesishiyagalolunye nqo, kamuva kancane nje. Sizophuma ligamenxe elesishiyagalolunye, iNkosi ithanda.

130 Qaphelani, umprofethi wathi, ngale kuZakariya 14:6, "Kuyoba usuku olungebizwe ngemini nobusuku, kodwa kuyoba usuku olukhwantabele; kodwa ngesikhathi sokuhlwa, kuyakuba ngukuKhanya." Manje bhekisisani, masinya. Akukho mBhalo ongephulwa. Wonke ufanele ugcwaliseke.

131 Manje ilanga liphuma kanjani na? Liphumaphi na? EMpumalanga. Lishonaphi na? ENtshonalanga. Impucuko ihambisane nelanga, kanjalo neVangeli. Kutholeni? Manje sibuyele emuva ngqo oGwini lwaseNtshonalanga manje futhi. Uma singaqhubekela phambili, sibuyela emuva ngqo eMpumalanga futhi, siwele ngqo sijikeleze iPacific ukuya eMpumalanga futhi; akukho lutho phakathi lapho, niyabo. Manje impucuko ihambisane nelanga.

132 IVangeli liwele amanzi. Lisuka—lisuka eMediterranean, futhi lanqamula langena, lisuka kuPawulu oNgcwele liya eJalimane; lisuka eJalimane, lawela umgudu waseNgilandi, laya

eNgilandi; lasuka eNgilandi, lawelela eAtlantic, laya eUnited States, futhi manje selibuyele ePacific futhi.

133 Bhekisisani, ilanga elifanayo eliphuma eMpumalanga liyilanga elifanayo elishona eNtshonalanga, l-a-n-g-a. NoMoya oNgcwele ofanayo owehla ngoSuku lwePhentekoste, eMpumalanga . . . Manje bekulusuku obelungebizwe ngemini, luhwaqabele, usuku oluhwaqabele, olunemvula; niyayibona lapha eKansas, lunemvula, luhwaqabele. Sibe nokukhanya okwenele uku—ukujoyina ibandla, nokwenza lezizinto, ukukhanya okwenele ukujikeleza phakathi, kodwa Wathi, "Ngesikhathi sokuhlwa, kuyakuba ngukuKhanya, iNdodana iyobuya futhi." NoMoya oNgcwele ubuya ngalolu izinsuku zokugcina nokugcwala futhi kwamandla kaNkulunkulu, iZwi libonakaliswa! NgeLuthela . . .

134 Futhi njenge—njengesivivane sikhula siya phezulu. ILuthela, inguquko yokuqala; uWesley; iPhentekoste; futhi manje ngokuthi siyacija phakathi ngqo. Ngokuba, ngenkathi itshe eliyiNhloko libuyela kwisivivane, lizofanele lilingane njengakho konke okunye kwaso. Ungeke ngisho ugijimise ubukhali bomese phakathi kwaso, siphelele kakhulu. Futhi izoba njalo nenkonzo ngezinsuku zokugcina, iyosondela kakhulu.

135 Njengesandla sakho—sakho singesiyiso ngempela, nesi—sithunzi sesandla sakho siyisithombe sesangempela; lapho ziza, emva kwesikhashana, ziba ngesisodwa. Ziba njalo. Futhi yileyondlela iBandla eliba yiyo, uMlobokazi aba yikho kuKristu, baba munye, njenganoma yiyiphi indoda nomfazi. Niyabo? Wehlela ngqo ezinsukwini zokugcina, futhi sizama ukuphila ekubenyezeleni okuxhopha amehlo kolunye usuku na? Nguyena izolo, namuhla, naphakade, ezikhomba Yena uqobo ngokuphelele ngamaHeberu 13:8, "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade."

136 Ukuba sasiphile emuva onyakeni kaLuther, sibuka emuva ngqo phakathi lapha kulowo—kulowonyaka, sibona ngqo, kulowonyaka waseSardesi, ukuthi uLuther wayeyilesosithunywa, impela nje, nehhashi elaphumayo, nakho konke okunye kwakho kulowonyaka.

137 Sithola unyaka kaWesley, unyaka waseFiladelfiya. Sithola lowonyaka wemvuselelo omkhulu owaphumayo, uthando lobuzalwane, sithola uWesley impela endaweni lapho iBhayibheli lathi wayekhona.

138 Sikuthola namhlanje lapho nje Athi Wayekhona. Yihora, isikhathi esiphila kuso.

139 Lalelani, lawomaGreki ehluleka ukuMbona. Ngani na? "Banumzane, sithanda ukubona uJesu." Ehluleka ukuMbona ngoba Wayembethe ithempeli laKhe lomuntu, uNkulunkuu kumuntu. Inyama yomuntu kwakuyilokho

okwabaphuphuthekisayo. Abaqondanga. "Wena, ungumuntu, Uzenza uNkulunkulu, noma olingana noNkulunkulu."

140 Wathi, "Awu, uma nakwazi ukubabiza ngomthetho, futhi akukho-miBhalo engephulwa, nibabiza 'ngonkulunkulu,' babeyibo, eleza kubo iZwi likaNkulunkulu."

141 Manje-ke, Ungukugcwala kwaleloZwi, iZwi elalingelalolosuku, iNdodana kaNkulunkulu, uMhlengi; ngenkathi uNkulunkulu, uqobo lwaKhe, Uza emhlabeni futhi wahlala eNdodeni, ukuba azethwese Yena ukufa, ukuhlenga bonke, lowoMuthi ensimini yase Edene, hhayi owesifazane; iNdoda, uAdamu wesibili owafa futhi washona emhlabathini, ukuba akhiphe lezo into, amen, lawomaqabunga ayewile emuva ngaleya, ukuba awalethe aphume ekuvukeni. Kungakanani obekungashiwo ngalokho, bekungasithatha amahora!

142 Kodwa silapha endaweni ngqo manje. AbeZizwe bangalolosuku behluleka ukuLibona, ngoba Lalisenyameni yomuntu. Ngiyamangala ukuthi asizukuyenza yini into efanayo. Ngiyamangala uma sizokwenza iphutha elidabukisayo abalenzayo, sehluleke ukuMazi? Ngoba, Wayekhona, Yena iZwi lalowonyaka, lakhonjwa emzimbeni womuntu. UMfana owayengenamfundo, esingazange neze siMazi eya esikoleni. Sasingenazincwadi ezimchazayo Yena ngisho evela kunoma yiyiphi inhlangano yalolosuku; engenamfundo. Akukho dumo lwalutho, kodwa, "INdoda ehlanyayo, isiphuzi sewayini, umngani wezoni, iNdoda igumbuqela izwe; ezalwe ngaphandle komshado, umama waKhe wakhuleliswa yisosha, futhi wathatha igama laKhe njengeNdodana kaNkulunkulu, noma Ezibiza ngomprofethi, lona waseGalile, obizwa kanjalo ngomprofethi."

143 Kodwa iZwi labonakaliswa! "Abaningi abaMemukelayo, Wabapha amandla ukuba babe ngamadodana kaNkulunkulu." Futhi kunjalo namhlanje, uma sibona lomnyakazo kaMoya oNgcwele omkhulu ubonakaliswa. "Abaningi oMemukelayo, Wabapha amandla ukuba babe ngamadodana namadodakazi kaNkulunkulu." UJesu Kristu wakhonjwa ngokufanayo, ngeZwi laKhe, kuzo zonke izizukulwane.

Asikhothamise amakhanda ethu.

144 Bangani abangamaKristu, ngifuna ukunibuza, ake sime nje futhi sicabange umzuzwana nje. Ngabe leli yiQiniso noma ngabe ukweduka na? Ngabe yiLo na? Uma kuliQiniso, sikweleta yonke into kulo. Siyaphi na? Kuphi ukuma kwalokhu na? Ungaqiniseka kanjani ukuthi uqinisile na? Manje, "ekuqaleni, WayeyiZwi," neZwi lehlulela umcabango osenhliziyweni. Lakwenza ngabaprofethi, lakwenza ngoKristu, futhi Wakwethembisa ngezinsuku zokugcina, ngokuba Nguyena izolo, namuhla, naphakade.

145 Baba waseZulwini, thatha iZwi laKho, uLibeke enhliziyweni yomuntu, ukuthi ba . . . bonke abantu kanyekanye, kulobubusuku, lesisigejane esincane sabantu phandle lapha. Siyaqonda, Nkosi, ukuthi si—siphila emathunzini okuFika kwaKhe, namathunzi aseba ngokuyikho ngempela, unyaka ngonyaka. Sibona izibonakaliso zibonakala, okubonakala kwesabeka. Siyabona emaphephandabeni nasemaphephabhukwini. Inyanga iphenduka igazi. Sizwa ngokuzamazama okuningi komhlaba umhlaba wonke jikelele, kuqhumisa umhlaba wonke.

146 Futhi, manje, ngolunye usuku kwazamazamisa umhlaba wonke, ngenkathi iNdodana kaNkulunkulu yaliwa ngokusemthethweni futhi yabethelwa. Futhi manje siyathola ukuthi iqembu elikhulu, elibizwa ngoMkhandlu wamaBandla oMhlaba, baMxosha ngokusemthethweni, njengoba basho o (kulona) Nyakeni waseLawodikeya, "Wayengaphandle kwebandla, engqongqotha emnyango, ezama ukubuya angene." Futhi manje sithola ukuthi kwakukhona okunye ukuzamazama komhlaba okwashaya lokhu, hhayi ezinye izizwe, lesisizwe, kwazamazamisa umhlaba wonke; uJesu waxoshwa ngokusemthethweni. Futhi Umi enxusa, kulobubusuku, ekhonjisisiwe, onguyena izolo, namuhla, naphakade.

147 Kwangathi amakholwa angakubona. Kwangathi labo abagulayo bangakubona, Nkosi. Kwangathi labo lapha kulobubusuku bangakwazi ukuthinta ingubo yaKhe, njengoba benza ezinsukwini ezedlulayo. Philisa abagulayo, futhi usindise abalahlekileyo, sikucela eGameni likaJesu Kristu. Amen.

UNkulunkulu anibusise.

148 Manje umzuzwana owodwa nje womugqa womkhuleko. Sinemizuzu eyishumi nanhlanu ngqo, ukuba siphume ngesikhathi. Manje engingakusho kuphela, ngingumuntu, amazwi ami angehluleka nje njenganoma nje yimuphi omunye umuntu, sonke. Ngifakazisile kini kulobubusuku, ukuthi bonke abaprofethi, zonke ezinye izinto, benza amaphutha abo. Kodwa uNkulunkulu akenzi maphutha. IZwi laKhe liyiQiniso. Bangaki okholwayo ukuthi UyiZwi na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] UNkulunkulu anibusise. Kwakhiwe lapho-ke ukukholwa kwami, ngaphezu kwalutho kunaseGazini likaJesu; futhi, impela, uJesu uyiZwi.

149 Manje ngikholwa ukuthi uBilly uthe . . . Ngabe uwakhiphile amakhadi omkhuleko na? Ngabe—ngabe akhona amakhadi omkhuleko akhishwayo na? Bengingazi. U—ushilo, kuqala, ukuthi akacabanganga ukuthi bayenyuka futhi bayawakhipha. Kodwa uma bekhipha amakhadi omkhuleko, sizokwenza umugqa omncane womkhuleko.

150 Omunye, ngabe likhona ikhadi lomkhuleko lokuqala lapha na? Ake sibone ukuthi ubani onekhadi lomkhuleko lokuqala.

Yebo, unalo elilodwa na? Qhabo. Ikhadi lomkhuleko lokuqala, ubani onalo na? Ngabe likhona ikhadi lomkhuleko lokuqala na? Awu, mhlawumbe akawakhiphanga kusukela kwelokuqala. Mangaki . . . Hhe? [Omunye uthi, "Nanti elokuqala."—Umhl.] O, ngabe likhona na? Ya. Kulungile, ikhadi lomkhuleko lokuqala, yenyukela lapha bese uma lapha kimi, ikhadi lomkhuleko lokuqala.

151 Elesibili, ubani onelesibili na? Elesithathu. Okwemizuzu embalwa nje manje, si . . . Elesithathu, ubani onekhadi lomkhuleko lesithathu na? Bukani, kunomuntu lapha ohlakeni, omunye akabhekisise ikhadi labo, uma benalo. Elesithathu. Elesine, isine, ubani onekhadi lomkhuleko lesine na?

152 Yikhadi elincane. Indodana yami noma omunye weqembu uzokwehla bese ethatha lamakhadi, phambi kwenu, bese ewaxuba onke, bese bewakhipha baninikeze wona. Bese kuthi-ke uma ngi . . . Manje-ke lokho kukhombisa . . . Sasinabantu ngesinye isikhathi bezama ukubathengisela amakhadi omkhuleko, futhi yingalesosizathu bekhonjwa ngaleyondlela, ukuthi ungeke, ungeke uwathengise; ngoba angeke, awazi ukuthi ubani ozokwenyukela lapho. Uma ngiza lapha, angiqali enombolweni ethizeni. Ngiqala nje nomaphi. Lonke leliviki, nizoqaphela, ngizophambanisa, emuva naphambili, naphansi-naphezulu, bathole lamakhadi omkhuleko, niyabo. Futhi ngakho ngaleyondlela senza lokho, ukuze kushiwo ukuthi wonke umuntu njalo ngosuku, ekhipha amakhadi omkhuleko, ukuze abantu njalo ngosuku babenethuba lokungena.

153 Elokuqala, elesibili, elesithathu, elesine, elesihlanu. Ngizowabiza kanye ngesikhathi, ngoba angifuni-muntu abe ngoyisithulu bese bethi-ke, "Ngani, akekho ongitshelile," niyabo, futhi balahlekelwa yindawo yabo emgqeni womkhuleko. Futhi cishe, nekhadi lomkhuleko, bangebanike elinye, niyabo.

154 Ikhadi lomkhuleko lesihlanu, ubani onalo na? Elokuqala, elesibili, elesithathu, elesine, elesihlanu. Ikhadi lomkhuleko lesihlanu? Lokho kulungile. Uma uqinisekile ukuthi unelesihlanu, sukuma lapho. Lokho kulungile. Elesithupha? [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Eleshumi nanye, ikhadi lomkhuleko leshumi nanye. Elokuqala, elesibili, elesithathu, elesine, elesihlanu, elesithupha, elesikhombisa, elesishiyagalombili, elesishiyagalolunye, ikhadi lomkhuleko leshumi, neleshumi nanye.

155 Bukani manje, kungahle kube ngomunye umuntu oyisithulu. Buka ikhadi likamakhelwane wakho. Macala onke, ngiqagele axutshwe onke konke lapha. Kulungile. Mangaki alapho, Roy na? Abale bese ubona. Eleshumi nanye? Eleshumi nambili, eleshumi nantathu, eleshumi nane, eleshumi nanhlanu. Elokuqala, elesibili, elesithathu, elesine . . . Eleshumi nanhlanu.

Kulungile. Asime khona lapho umzuzu nje, ngoba asinaso isikhathi esiningi kakhulu.

156 Manje bangaki ongenalo ikhadi lomkhuleko futhi uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa, phakamisa isandla sakho. UNkulunkulu akubusise. Kulungile, yiba nalokho kukholwa. Manje khumbulani, bangani, besalungiselela umugqa womkhuleko, manje, ninga—ninga—ningayaluzi manje, okwemizuzu elandelayo nje eyishumi noma ishumi nanhlanu, size silungele, ngoba, niyabo, ningumoya.

157 Kukhona engifuna ukunibuza khona. Ngishilo, futhi ngafunda emBhalweni, ukuthi Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Futhi nje okwesikhashana, angikakwenzi ngokuqalisa nokho, nginikhombise ukuthi Ufanele ukuthola lento efanayo impela futhi ngezinsuku zokugcina. Bangaki okukholwayo lokho na? UMalaki 4 nakho konke okunye kwakho kufanele kubuyele ngqo emuva futhi, Yena futhi ehle bese ezikhomba Yena uqobo eseMlayezweni wesiprofetho, ukuphendula izinhliziyo zabantwana zibuyele ekuKholweni; kwabaphostoli, ukuKholwa kwasepentekoste kobaba. Yilokho impela okufanele kwenziwe. Hhayi isivumokholo esithize; kodwa emuva ekuKholweni kwasekuqaleni. Manje siyakukholwa lokho ngayo yonke inhliziyo yethu.

158 Manje abanye benu lapho ongenalo ikhadi lomkhuleko. Manje, khumbulani, ngiyinceku yaKhe nawe uyinceku yaKhe, uNkulunkulu kimi noNkulunkulu kini. Nisekudingeni, nami lapha ukuba nginikhonze, kuhlanganisa lokho futhi kwenza uNkulunkulu.

159 Manje, owesifazane omncane, ngesinye isikhathi. Ake ngininike omunye umBhalo, ngikholwa ukuthi kukuJohane oNgcwele, futhi. Kwakukhona owesifazane omncane o, owaye, wayenomopho. Ake sithi wayengenalo ikhadi lomkhuleko, futhi wayefuna ukukhulekelwa. Kodwa kwakukhona abaningi kakhulu abemi lapho, akakwazanga ukungena emgqeni. Ngakho wathi, "Uma kuphela ngingathinta ingubo yaKhe, Ngizosinda." Bangaki oyikhumbulayo indaba na? Ngani, impela. Futhi wenzani na? Waphusha edabula kulesosixuku wayesethinta ingubo yaKhe.

160 Manje, ingubo yasePalastine ilenga ikhululeke, futhi inengubo yangaphansi, nayo, ngoba uthuli ezithweni, niyazi, ngakho yi. . .ilenga ikhululeke. Manje ungahle uthinte ibhantshi lendoda, futhi ibingeke ikuzwe, nje umphetho webhantshi layo. Kodwa kuthiwani ngaleyo enkulu, ewugqinsi, ingubo yasePalastine esindayo, yona ilenga yayoshaya phansi ngasezinyweni zaKhe, niyabo? Akazange akuzwe lokho, ngokomzimba.

161 Kodwa wathinta ingubo yaKhe wayesebuyela esixukwini. Ake sithi wahlala phansi. Angahle ukuba wama, kodwa sithi

uhlezi phansi. Kwenzekani na? UJesu wama wayesethi, "Ubani oNgithintile na?"

162 Futhi, niyazi, uMphostoli uPetru wacabanga ukuthi lokho kwakuyinsini kakhulu, kwaze kwathi abantu . . . Ngani, waMkhuza ngakho. Ngamany'amazwi, angahle ukuba wathi, "Ngani, buka, wonke umuntu uyaKuthinta. Bazocabanga lokhu, 'Unephutha ngokwengqondo.' Niyabo? Ngani, wonk'umuntu uzama ukuKuthinta, Rabi."

163 Wathi, "Kodwa ngiyabona ukuthi Ngibe buthakathaka. Amandla," lokho ngamandla okuqina, "aphumile kiMi."

164 Lowo wesifazane oyedwa omncane manje wadonsa amandla okuqina kuYe. Waqalaza ezethamelini Wayesethola lapho ayekhona, Wayeseyamtshela inkathazo yakhe nokuthi kwakukade kwenzekeni. IBhayibheli lasho ukuthi, "Unguyena manje umPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu." Kunjalo na? Manje uma ninalokho kukholwa okufanayo kulowoJesu ofanayo, kuzonenzela into efanayo.

165 Manje hloniphani ngokuzithoba impela. Khulekani. Ningangabazi. Kholwani ngayo yonke inhliziyo yenu ukuthi uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade, futhi Uzonipha lezizibusiso.

166 Manje, Baba, vumela uMoya oNgcwele waKho omkhulu usembulele iZwi elikhonjwe enyameni, inyama yabo nenyama yami. Futhi kwangathi iZwi nesithembiso seVangeli lalobubusuku, elishunyayeliwe, lingahunyushwa nguMoya oNgcwele omkhulu uqobo lwaKhe, ngokuba Wethembisa ukuthi Uyoba nathi. Futhi Nguyena izolo, namuhla, naphakade. EGameni likaJesu Kristu, sizinikela kuWe, noMlayezo, ukuze Uqinise iZwi ngezibonakaliso zilandela, njengoba Wenza ngokukaMarku 16. Amen.

167 Manje wonke umuntu ahloniphe ngokuzithoba ngempela. Ngicela ninganyakazi. Hlalani nithule du ngempela, niyabo. Manje, khumbulani, ngezinye izikhathi sifike ekuxabaneni. Bangaki ophakathi lapha ongamaKristu azelwe ngokusha, ake sibone izandla zenu. Awu, lokho kuhle, khona-ke niyazi ukuthi ngikhuluma ngani.

168 Manje, ngabe leli, yileli inenekazi na? Leli yinenekazi lokuqala emgqeni. Kulungile. Manje, lelinenekazi nami, ngokwazi kwami, siyizihambi, isithombe esihle kakhulu sikaJohane oNgcwele, isahluko 4. UJesu wabonana nowesifazane emthonjeni waseSamariya, into ethize eyindawo ebonakala sikhathi sinye njengalena, okokuqala ukuba baze babonane empilweni. Futhi ngokwazi kwami, lokhu ngokokuqala ukuba sibonane. Siyizihambi komunye nomunye. Uma lokho kunjalo, ukuze nje abantu babone ukuthi kuqinisile, phakamisa isandla sakho nje. Ngakho uyabo, yithi laba, okokuqala.

169 Manje uma Enguyena izolo, namuhla, naphakade, manje ukukhuluma nowesifazane, indlela Enza ngayo kowesifazane emthonjeni, engaba ngeyokuthola into ethize ayenzile, noma into ethize engalungile kuye, noma into ethize e. . . into engingazi lutho ngayo, futhi yembulwe kuye. Okungukuthi, angikaze ngimbone, nje ngiyi. . . okokuqala ukuba ngike ngibe kulelidolobha. Futhi nje ngilapha, uyisihambi. Manje lokho bekungamenza uJesu Kristu abe nguyena izolo, namuhla, naphakade na? Ngabe lokho bekungalenza iZwi libe ngelahlulela imicabango osenhliziyweni na? Niyabo? Niyabo? BekungaMenza abe nguyena izolo . . .

170 Futhi nasi izandla zami, neBhayibheli lami, angikaze ngimbone owesifazane empilweni yami. UNkulunkulu uyakwazi lokho. Ungowesifazane nje emi lapho. A—angazi lutho okunye ngaye kunesihambi esisesimweni esedlula zonke esikhona phakathi lapha, kuye. Lelo yiqiniso, futhi uyakwazi lokho.

171 Angimazi; kodwa Yena uyamazi. Futhi UyiZwi, neZwi lembula izimfihlo zenhliziyo, lisho izinto, ezingalungile, limtshela into ethize. Uma enze noma yini engalungile, engahlanjulukwanga phansi kweGazi, Uzomtshela ngayo. Uma engumzenzisi, Uzomtshela ngakho. Uma eyikholwa, Uzomtshela ngakho. Uma kukhona noma yini engalungile ngokomzimba, amtshele ngayo. Uma eyinto ethize ngenye into, Uzomtshela ngayo. Angenza konke lokho, ngoba UnguNkulunkulu. Wazi izinto zonke. Angazi; akangazi nami angimazi. Manje uma Ekwembula lokho ngaleyondlela, niyazi ukuthi kuseyilo iZwi, amaHeberu 4:12, "IZwi likaNkulunkulu lembula izimfihlo esenhliziyweni, lazi isimo."

172 Manje uma uNkulunkulu ezo—ezokwembula lokhu kithi kulobubusuku, dadewethu, njengoba wena nami sima lapha ndawonye, khona-ke ubuzo—ubuzokwazi ukuthi bekungebe yimi. Bekuzodingeka kube nguYe. Manje ngifuna nje ukukhuluma kuwe umzuzu, ngoba ukukhuluma eZwini kanje. Ngani, ngiyashumayela, uyabo, bese kuthi-ke ngibuye, ngikhuluma nje kuwe njengoba Enza kowesifazane emthonjeni, eqhubeka nengxoxo naye waze Wathola ukuthi yayiyini inkathazo yakhe. Manje uma uNkulunkulu ezokwembula kimi ukuthi yini inkathazo yakho, awu, uzokwazi ukuthi ngabe yiqiniso noma qha.

173 Futhi ngabe nonke nizokholwa na? Noma yimuphi umuntu khona lapho uyamazi owesifazane na? Phakamisa isandla sakho uma bekhona abantu . . . O, yebo, inqwaba yabantu iyamazi. Ya. Kulungile.

174 Manje kwangathi iNkosi uJesu angasipha lokhu, niyabo. Lokho kungebe kuphela yiZwi elishunyayeliwe, bekuzoba yiZwi elenziwe inyama, likhuluma kuzwakale, lembula. Manje iBhayibheli alisho ukuthi uyobe umi lapha, nokuthi yini

eyobe ingalungile kuwe, nakho konke ngakho, nokuthi uze ngani lapha, noma yini oyenzile. Alikusho lokho. Kodwa iZwi liyehla, lokho kukhomba isikhulumi, uyabo, ukuthi iZwi likaNkulunkulu; khona-ke uMlayezo uqinisile, khona-ke uNkulunkulu ukhomba uMlayezo ukuthi uQinisile. Umbhaphathizo kaMoya oNgcwele neVangeli eligcwele lizofanele libe yiQiniso-ke, uma likhonjwa kahle.

175 Into eyodwa, ugula yonke imizwa, ugula imizwa ngempela. Uphatheke kabi ngento ethize. Kunjalo. Ukhathazekile. Usube nesikhathi unalokhu. Futhi okuyikho, yisimo esithweni sakho. Sisesithweni sakho sangakwesokudla. Wesaba ukuthi ngumdlavuza. Kukuhlupha yonke indawo. Lolohlangothi lwangakwesokudla luphume ngokuphelele. Uyakhathazeka esiswini sakho, kukwenza ugule. Uma lelo kuyiqiniso, phakamisa isandla sakho. Ungesabi, kholwa nje futhi Uzokusindisa. Uyakukholwa na? [Udade uthi, "Amen."—Umhl.] Kulungile, hamba umbonga uNkulunkulu ngakho, futhi usinde. INkosi ikubusise. Ngifuna nje ukubeka izandla phezu kwakho.

176 Niyakholwa ukuthi Nguyena izolo, namuhla, naphakade na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

177 Manje nasi isithombe futhi, indoda engumlungu, owesifazane oyikhaladi. UJesu iJuda, yena engumSamariya; niyabo, Wabazisa ukuthi akukho mehluko ohlangeni lwabantu. UNkulunkulu wafela thina sonke. Kunjalo. Unguye . . . "UNkulunkulu wazenza ngagazi linye, zonke izizwe." Izwe esakhuliswa kulo, lishintsha umbala wethu, lalingahlanganise lutho nalokho okungaphakathi kithi. Ya, kunjalo.

178 Manje ungumKristu. Ngokushesha ngiyawuzwa umuzwa owemukelayo, ukuthi ungumKristu. Lowo ngumoya wakho. Lokho bekungaba nje njengoba Athi, "Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye."

179 Manje, ngiyabona kade ugula kakhulu. Ukuhlolwa kufakazisa ukuthi unomdlavuza. Kunjalo. Nalowomdlavuza, uyakholwa ukuthi Angangitshela ukuthi lowo ukuphi na? Ngokwezibalo zokubonisa ukuma kwendaba, lowomdlavuza usenanzini. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Manje uyazi ukuthi Into ethize imi lapha ekwaziyo wena. Uyakholwa ukuthi Uzokusindisa na? Uma ukukholwa kwakho kungaMdonsela lapho, kuthinte ingubo yaKhe bese embula into efanayo Ayenzayo ngaleyonkathi, bese-ke uhamba uMkholwa futhi uzosinda kulokho, futhi usinde. Uma uzokukholwa, kholwa nje, kulula kanjalo nje, dade, ukukholwa nje. Ungangabazi.

180 Ngicabangela ekutheni siyizihambi, futhi, omunye komunye? Asazani. UNkulunkulu usazi sobabili. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu ubengangembulela inkathazo yakho na? Uyakholwa ukuthi Ubengangembulela inkathazo yanoma ubani khona lapho na? Uyakukholwa na?

181 Bangaki khona lapho abakukholwayo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

182 Ucabangani ngakho na? Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Khona-ke amatshe akho avimba umchamo angeke esakuhlupha. Ngi—ngikuzwile kuza, be "ngifunda umqondo wabantu," bengifuna nje ukuba ubone ukuthi bengingakwenzi.

183 Kulungile, uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? [Udade uthi, "Ngiyakholwa."—Umhl.] Ngayo yonke inhliziyo yakho na? ["Ngayo yonke inhliziyo yami."] Ngiyabonga. UngumKristu. ["Nginguye."] Yebo, unguye, futhi hhayi ohamba ecela amalifti; umKristu wangempela, futhi uzelwe ngokusha. Kulungile. Uyakholwa ukuthi—ukuthi mina, ngingumfowenu, angazi lutho ngawe; kodwa uBaba wethu waseZulwini, Osazi sobabili, ubengembula kimi ukuthi yini inkathazo yakho na? ["Ngiyakholwa."]

184 Ngiyabona ukuthi ubunenqwaba yakho. Ubunokuhlinzwa, nokuhlinzwa bekungokomdlavuza. Ususe ibele, kunjalo, futhi usalokhu ukhathazwa yikho. Uyakholwa ukuthi uzosinda kusukela manje kuqhubeke na? Yedlula ngapha ngqo, ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. Futhi uNkulunkulu akubusise, kwangathi iNkosi uNkulunkulu angakuphilisa. Kwangathi . . .

185 Yiba nokukholwa. Ungangabazi. Kholwa nje ngayo yonke inhliziyo yakho ukuthi Nguyena izolo, namuhla, naphakade.

186 Manje uyakholwa, nenekazi na? Siyizihambi komunye nomunye. Angikwazi. Awungazi. Siyizihambi uqobo. Kodwa uBaba wethu waseZulwini ubengembula kimi into engalungile, into oyenzile, into obungafanele uyenze, noma obufanele uyenze futhi awangayenza, noma ngabe kuyini, noma ngabe bekungaba yini, uzokholwa ukuthi Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Uyazi ukuthi bekuzofanele kube nguYe obezokwenza. Kunjalo na?

187 Ukhathazwa yisi—si—simila, nalesosimila sisekhanda. Uyesaba. Kunjalo. Uyakholwa ukuthi sizosuka manje, ukuthi uJesu Kristu uzokusindisa na? Njengoba ukukholiwe, kuzoba njalo kuwe. Hamba ukholwa. Amen. UNkulunkulu akubusise. Endleleni yakho nje, kholwa. Unga, ungangabazi. Kholwa nje ngayo yonke inhliziyo yakho.

Yiba nokukholwa. Ungangabazi. Kholwa nje ngayo yonke inhliziyo yakho.

188 Isisu sakho besikuhlupha. Inkathazo yesisu. Uyafuna ukuyokudla? Kholwa. Yilokho-ke.

189 Sawubona? Siyizihambi komunye nomunye. Angikwazi, awungazi. Kodwa ukhona Omunye lapha, ongabonwayo, kodwa umbozwe ngeveli phakathi kwethu, owaziyo ukuthi inkathazo yakho iyini. Ngikubona uzama . . . Ya, yisifo samathambo. Uyakholwa ukuthi Uzokusindisa kulokho na?

[Udade uthi, "Yebo."—Umhl.] Hamba, ukukholwe, futhi awusoze wakhubazwa yikho uma nje uzokukholwa.

190 Unezinto eziningi ebezikuhlupha. Inkathazo yamanenekazi, isikhathi eside; manje-ke, enye into, into yakho—yakho enkulu oyikhathalele ukuba uphiliswe, yisifo samathambo, futhi. Uyakholwa ukuthi Uzokusindisa na? Hamba, ukukholwe. Kuyilokho kuphela nje, yiba nokukholwa nje futhi ungangabazi.

191 Ngiyisihambi kuwe. Angikaze ngikubone empilweni yami. Kunomunye wesifazane olokhu ebonakala. Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi into ethize ngawe . . . Ya, ya, yithumba; ubhekene nokuhlinzwa. Lowo wesifazane omncane elele kulesosihlalo ubhekene nento efanayo, yithumba. Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Uyakholwa na? UNkulunkulu uzonenza nobabili nisinde uma nikukholwa. Beka isandla sakho phezulu kuye. Yilokho-ke. NgeGama leNkosi uJesu, ngeGama leNkosi uJesu, kwangathi ungaphiliswa, dade.

192 Niyabo, nina, ngeke ngakuchaza lokho, bangani, ningangiceli ukuba ngikuchaze. Ukucindezeleka, amandla, oyedwa . . . Yini ithumba? Liyisimila. Yini isimila na? Ukuphindaphindeka kwezicubu. Uyini wena na? Ukuphindaphindeka kwezicubu. Yini ithumba na? EBhayibhelini, kubizwa ngodeveli, umhluphi; niyalibona lidazuluka lifuna usizo, nalokho kwaphendula. Niyabo, okubili kuyafana nje, futhi lokho yikho—lokho yikho okwakwenzayo. Kulungile.

193 Woza, nenekazi. Siyizihambi komunye nomunye. Ubunesimo sokugula kwemizwa isikhathi eside, okukubangele ukuba ube nesimo sesisu, inkathazo yesisu, isilonda emgudwini wokugayeka kokudla, ukuba muncu esiswini sakho, nokuzwela emazinyweni akho, kanjalonjalo. Uyakholwa ukuthi uJesu Kristu uzokusindisa manje na? [Udade uthi, "Amen."—Umhl.] Kulungile, hamba uyodla ukudla kwakho kwakusihlwa-ke. Kholwa ngenhliziyo yakho yonke, uJesu Kristu uzokusindisa. Kukholwe nje manje. ["Haleluya! NgiyaKubonga, Jesu."]

194 Siyizihambi omunye komunye. Uhlalaphi uNkulunkulu esidalweni esingumuntu na? Enhliziyweni. Ilapho-ke inkathazo yakho, isenhliziyweni yakho, hhayi ngenxa yokushoda kukaNkulunkulu. Kodwa ngokudedela ukukholwa kwakho kuxege, ukuphilisa leyonkathazo yenhliziyo, futhi uzosinda. Hamba, ukholwa, kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. Manje, ungangabazi. Hamba, ukholwa.

195 "Uma ukholwa, konke kuyenzeka." Bangaki okholwa ngayo yonke inhliziyo yenu na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyakholwa ukuthi uNkulunkulu ulapha ukuba anisindise na? Ngabe ni . . . Ngabe iZwi lenziwa inyama na? ["Amen."] Kuyini na? Manje, akunandaba ukuthi ngikholwa kangakanani,

nifanele nikholwe, nani. Niyabo, lowo wesifazane wathinta ingubo yaKhe, wakholwa.

196 Nansi indoda ihlezi ngapha ingibuka. Inezibhono nemizoko. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Uma ukwenza, ungaba nakho okucelile.

197 Omunye futhi phakathi lapha okholwayo ukuthi uNkulunkulu uyabaphilisa abagulayo nabahluphekile na? Uyakholwa ukuthi iZwi, kulobubusuku, lazi imfihlo yenhliziyo na? Uyakukholwa lokho na? Kulungile. Kumanje ukuthi thina sishiywe yisikhathi ngempela kulokho ebesiyikho.

198 Ubungakukholwa kanjani lokhu na? Manje uyazi ukuthi lowomBhalo wenziwe wacaca, ungavumeli iveli yenyama manje ikukhathaze, uyabo. Khumbula, yiZwi elithenjisiwe lanamhlanje. Bangaki oliqondayo na? IZwi elithenjisiwe. Angazi ukuthi kungakanani ukuzifanisa nomuny'umuntu enikubonile. Kodwa, kanjalo ngisize, uJesu Kristu wakwethembisa lokhu, naleli yiqiniso. Niyabo, lelo, lelo yiqiniso.

199 Manje ngabe Uyasho yini futhi, amazwi okugcina Awasho ngaphambi kokuba Awushiye umhlaba, wenyukela phezulu eZulwini, wathi, "Hambani niye ezweni lonke," uMarku 16, "nishumayele iVangeli. Okholwayo abhaphathizwe uyakusindiswa; ongakholwayo uyakulahlwa. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo na"? Senake nakufunda na? Kwakuyini ukuthunywa kokugcina na? "Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda." Bangaki owaziyo ukuthi lokho kuyiqiniso na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

200 Manje nonke, emizuzwini embalwa edlule, uphakamise isandla sakho ukuthi ubuyikholwa. Manje ningebeke nje izandla zenu phezulu komunye nomunye lapho na? Asizukudingeka siqhubeke; niyazi Ulapha, yini ningabeki izandla zenu phezulu komunye nomunye futhi nikhulekele lowomuntu ohlezi ngakuwe, uma uyikholwa. Manje, Washo! Manje, qhabo, akusimi kuphela; yini, ngamunye wenu. Seniyakukholwa manje na? Thanini, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kulungile.

201 Manje, bukani, ungazikhulekeli wena, ngoba umuntu onezandla zabo phezu kwakho uyakukhulekela. Uyabo, bakhulekele, futhi ngizonikhulekela nonke. Futhi uma nje nizokukholwa, ngakuvumelana kunye, lesi kuzoba ngesinye sezikhathi ezinkulu kunazo zonke esenake nazibona.

202 UBukhona bukaJesu Kristu, obebufanale bukhanyise ibandla, ukuba lazi ukuthi ngalolu izinsuku zokugcina lapho izivumokholo namahlelo nezimfundiso ezigqamileyo nayo yonke into ifuthanise i—iZwi lonke laphuma, noJesu iZwi lingaphandle kwebandla, futhi niMbona ebuyela ngqo phakathi kwabantu futhi azikhombe Yena uqobo njengoba Ethembisa, "ngezinsuku zokugcina lapho iNdodana yomuntu yembulwa." Yembulwa embhaphathizweni; Yembulwa ekuphiliseni

ngokukaNkulunkulu; lapha Isengxenyeni yaYo yokugcina engehlukaniseki. Khumbulani, leyo kwakuyinto yokugcina uAbrahama ayibonayo ngaphambi kokuba umlilo wehle futhi wehlulela izwe labeZizwe, futhi ngaphambi kokuba indodana ethenjisiwe ifike enkundleni, uIsaka. Lena yinto yokugcina ibandla lamaKristu elizoyibona, esibonakalisweni sesimangaliso, kuze kube ngukubonakala kukaJesu Kristu. Uma uNkulunkulu engiphe umusa phambi kwenu, ngikholweni eGameni leNkosi, ayikho enye into esasele eBhayibhelini ukuba yenziwe kodwa ukuthatha uphawu lwesilo; futhi ninoPhawu lukaNkulunkulu.

203 Khulekela lowomuntu olele lapho, ehlezi eceleni kwakho. Beka isandla sakho phezu kwabo. Bengi—ngifuna abakhubazekile; angiboni noyedwa. Kodwa lolohlaka lombhede, ngiyakholwa, seluvele, o. . . Kulungile, bekani izandla zenu phezu komunye nomunye bese nikhuleka.

204 Jesu othandekayo, Ndodana kaNkulunkulu ephilayo enkulu ecwebileyo, Elapha kulobubusuku ngesimo sikaMoya oNgcwele, yaguqula isimo saYo yase yehla futhi yembula iZwi laYo enyameni yomuntu ngqo; owesilisa, abesifazane, bayo yonke imikhakha yempilo, ekhombisa ukuthi Usaphila. Nguyena izolo, namuhla, naphakade.

205 Nkosi Jesu, silapha kulelidolobha elikhulu laseTopeka, silapha sibuthene nabantwana baKho. Futhi siyakhuleka, ukuthi njengoba Ukhonjwe kakhulu phakathi kwethu, ukuthi manje Uzoqinisa iZwi laKho, ukuthunywa kokugcina, kuthi, "Bayobeka izandla phezu kwabagulayo, bayosinda." Nabantu, abangabavumayo, nabazelwe ngokusha ngoMoya, manje ubeka izandla zabo phezu komunye nomunye, ukuba bazikhombe bona komunye nomunye, nokuthuma kwaKho neZwi laKho.

206 Manje, Sathane, ungeke usababamba lababantu abagulayo esinye isikhathi eside. Bayizikhonzi zeZwi likaNkulunkulu. Phuma kubo, ukugula okusemzimbeni wabo. Ungabe usabahlupha. Bayeke bahambe bakhululeke, kusukela kulobubusuku kuqhubeke. Thina, njengezinceku zikaNkulunkulu, ekhonjwe ukuba iqinise iZwi, siyakuyala ngeGama likaNkulunkulu ophilayo, uJesu Kristu iZwi elenziwe inyama phakathi kwethu, phuma kulababantu abagulayo, futhi bayeke bahambe, ngenxa yoMbuso kaNkulunkulu, nomyalo esawunikwa nguJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu. Amen.

207 Bonke labo abakholwayo futhi bemukela ukuphilisa kwaKho, kungekho nesisodwa isithunzi sokungabaza, lapha ngaphakathi kweveli leNkazimulo yeShekina, ukubona iZwi elithenjisiwe esizongena kulo kakhulu impela kuleliviki, siLibone libonakaliswa lapha phambi kwethu, asime ngezinyawo zethu futhi sithi, "Manje ngemukela ukuphiliswa kwami. Ngiyakholwa ukuthi uJesu Kristu uyangiphilisa

manje. Ngayo yonke inhliziyo yami, ngiyakukholwa. Ngiyakwemukela, eGameni likaJesu Kristu.” UNkulunkulu anibusise. Phakamisani izandla zenu manje. Futhi ngamunye wenu, ngendlela engeyenu, Mnikeni izibongo ngokuphiliswa kwenu. Amen.

